

IBhayibheli LaBantwana

Likulethela

Ukuzalwa
kukaJesu



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot
Alastair Paterson

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba
egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



Kudala, uNkulunkulu wathumela ingelosi
uGabriyela, wamuthumela kwintokazi
yeJuda ekuthiwa uMariya.

Wathi kuye, "Uzathola indodana
igama lakhe makube uJesu.

Uzobizwa ngokuthi indodana
yoPhezukonke. Uzakuphila

kuze kube
ingunaphakade."



"Kwenzeka kanjani lokhu?" kubuza intokazi imangele. "Angikaze ngazane nomuntu wesilisa." Ingelosi yatshela uMariya ukuthi ingane izoqhamuka kuNkulunkulu. Ingane ngeke ibe nobaba womhlaba.



Ingelosi yase itshela uMariya ukuthi
umzala wakhe u-Elizabethe naye
wayezothola umntwana
esemdala. Lokhu
kwakuyisimanga
futhi. Emva
kwalokho, uMariya
wavakashela
u-Elizabethe.
Bamudumisa
bobabili
uNkulunkulu.



UMariya wayemiselwe
ukushada indoda ekuthiwa
uJosefa. UJosefa
wadumala ngenkathi
esazi ukuthi
uMariya ukhulelwe.
Wayecabanga
ukuthi
ukhuleliswe
enye indoda.



Ingelosi yeNkosi yabonakala kuJosefa
ngephupho yamutshela ukuthi indodana
kwaku eya-Nkulunkulu. UJosefa
kwakumele alekelele uMariya
ukuba anakekele uJesu.



uJosefa wayemuthemba futhi emusaba uNkulunkulu.
Wayewuthobela nomthetho womhlaba. Ngenxa
yomuthetho omusha,
uJosefa noMariya
bahamba baya
eBetlehema



beyokhokha intelala.





UMariya
wayesekulungele
ukubeletha. Kodwa
uJosefa akazange
akwazi ukuthola ikamelo.
Zonke izindawo
eziqashisa
amakamelo
zazigcwele.



Emva kwesikhathi uJosefa wathola isitebela. Lapho,
uJesu wazalelwa khona. UMa Wakhe Wamubeka
emkhombeni, okuyindawo
okuphakelwa
kuyo imfuyo.



Eduze nje, Abelusi babegade imfuyo ngenkathi ilele.
Ingelosi yeNkosi yaziveza kubona
yabatshela izindaba ezinhle.



"Nizalelwwe namuhla uMsindisi onguKrestu iNkosi
emzini kaDavide. Niyomuthola
umntwana embesiwe, elele
emkhombeni."



Masinyane kwaba khona kanye nengelosi ezinye
izingelosi, zidumisa uNkulunkulu zithi:
"Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu,
nokuthula



emhlabeni
kubantu
abathokozile
nguye."


Abelusi baphuthuma esitebeleni. Emva kokubona uMntwana baxoxela wonke umuntu abahlangana naye ngokuthi itheni ingelosi ngoJesu.



Emva kwezinsuku
eziyamashumi amane,
uJosepha kanye
noMariya baletha
uJesu ethempeli
lase Jerusalema.



Kwaku khona indoda ekuthiwa
uSimeyoni eyathandaza yabonga
uNkulunkulu ngomntwana,
ngalesosikhathi no-Ana,
inceku yeNkosi,
yababusisa. Bebazi
ukuthi uJesu indodana
kaNkulunkulu,
uMsindisi.
UJosefa
wanikela
ngezinyoni
ezimbili
njengosiko
lomthetho.



Ngokudlula
kwesikhathi,
Kwafika izazi
eJerusalema
zivela



eMpumalanga ziholwa
inkanyezi. "Uphi lowo
ozelwe eyinkosi yamaJuda
na?" kubuza izazi. "Sifuna
ukuzokhuleka kuya."



uHerode inkosi, esezwile
ngezazi, wakhathazeka.
Wabuza kubo ukuthi
uJesu uzakuzalelwaphi.
"Ngitsheleni ukuze nami
ngizokukhuleka kuye,"
Kusho uHerode eqamba
amanga. uHerode
wayefuna ukumbulala
uJesu.







Inkanyezi yahamba nezazi
yaze yafika yama phezu
kwalapho umntwana ekhona.
Zawa phansi, zakhuleka
kuye, zavula amagugu azo,
zamkhunga ngezipho:
igolide
namakha
nenhlaka.

UNkulunkulu wayala izazi
ngephupho ukuba zibuyele
ezweni lakubo ngenye
indlela. UHerode
wathukuthela kakhulu.



UHerode wayezimisele
ngokubulala uJesu,
wathumela ibutho lakhe
ukuba libulale bonke
abantwana besilisa
baseBetlehema.



Kodwa uHerode
wayengeke akwazi
ukulimaza iNdodana
yaNkulunkulu!
Ingelosi yaxhwayisa
uJosefa ukuba
athathe umntwana
nonina beye ezweni
laseGibithe.



Bahlala eGibithe
waze wafa
uHerode,



bese uJosefa wabuya
noMariya kanye noJesu eGibithe.
Bahlala edolobheni elincane ekuthiwa
iseNazaretha, eduza kwase lwandle laseGalile.



Ukuzalwa kukaJesu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mathewu 1-2, Luka 1-2

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130





Yaphela



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu
uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono.

Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:

Nkosi Jesu, Ngiyakhola ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16

